


**UMongameli  
uDieter F. Uchtdorf**  
UMeluleki Wesibili  
KubuMongameli BokuQala



# Qeda neSibani Sakho sisakhanya

**E** Greece yasemandulo, abasubathi babeqhudelana emjahweni wokubambisana obizwa nge *lampadedromia*<sup>1</sup> Kulomjaho, abasubathi babegijima nesibani esandleni okwakufanele basidlulisele kumsubathi olandelayo kuze kufike kowokugcina nokwakunguye okwakulindeleke ukuthi ege umugqa wokuqeda.

Umklomelo wawunganikwa ithimba elaligijime kakhulu kunabo bonke—kodwa wawunikwa ithimba lokuqala elalifike emugqeni wokuqeda nesibani sisakhanya.

Kukhona isifundo esibalulekile esisithola lapha, futhi nesifundiswe ngabaphrofethi basendulo nabanamuhla: nakuba kubalulekile ukuthi siwuqale umjaho, okubaluleke kakhulu wukuthi siwuqede nesibani sethu sisakhanya.

## USolomoni waQala Ngamandla

INkosi enkulu uSolomoni iyisibonelo somuntu owaqala ngamandla. Ekukhuleni kwakhe, “wayeyithanda iNkosi, ehamba ezimisweni zikaDavide uyise” (1 AmaKhosi 3:3). Ngenxa yokuthi uNkulunkulu wayethokozile ngaye wathi “Cela lokho othanda ukuba ngikuphe kona” (1 AmaKhosi 3: 5).

Kunokuba acele ingcebo noma impilo ende, uSolomoni wacela “inhliziyu enokuqonda ukuze ngikwazi ukwahlulela abantu bakho, ngikwazi ukuhlukanisa phakathi kokuhle nokubi” (1 AmaKhosi 3:9).

Lokhu kwayijabulisa kakhulu iNkosi kangangoba yaze

yambusisa uSolomoni hhayi nje ngokuhlakanipha kuphela kodwa nangengcebo engenakulinganiswa kanye nempilo ende.

Nakuba uSolomoni wayehlakaniphe kakhulu futhi enza nezinto eziningi ezinhle, akazange aqede ngamandla. Ngokudabukisayo, kamumva empilweni yakhe, “uSolomoni wenza okubi emehlweni eNkosi, futhi akayilandelanga iNkosi ngokupheleleyo” (1 Amakhosi 11:6).

## Ukuqeda Umjaho Wethu

Kukangaki siqala into kodwa singayiqedi? Ukudla okukhethiweyo? Izinhlelo zokuzivocavoca? Ukuzinikela ekufundeni imibhalo engcwele nsuku zonke? Izinqumo zokuba ngabafundi abangcono bakaKristu?

Kukangaki senza izinqumo ngoJanuwari futhi sizilande ngokuzimisela okukhulu kwezinsukwana, kwamasonshwana, noma izinyangana imbala kodwa uthole ukuthi ngo-Okthoba, akusekho lokuya kuzimisela okunomfutho esiqale ngakho?

Ngolunye usuku ngahlangabezana nesithombe esihlekisayo senja elele eduze kwesiqephu sephepha eyayilidabulile. Lalifundeka kanje, “Certificate of Dog-Obedience Training.”

Nathi sinjalo ngesinye isikhathi.

Sinezinhloso ezinhle; siqala ngamandla; sifuna ukuba ngabantu abangcono. Kodwa ekugcineni sishiya izinqumo zethu zidabukile, zilahlwe, futhi zikhohlwe.

Kuyimvelo yomuntu ukuqhuzuka, ukwehluleka, futhi nokuthi ngesinye isikhathi sifune ukuphosa ithawula emjahweni. Kodwa njengabafundi baJesu Kristu, sizinikele ekutheni singawuqali umjaho nje kuphela kodwa nokuthi siwuqede-futhi siwuqede nesibani esikhanya ngokugqamile. UMsindisi ubathembise abafundi Bakhe wathi, “Lowo oyobekezela kuze kube sekugcineni, nguye kanye oyosindiswa” (Mathewu 24:13).

Ake ngikubeke ngenye indlela ukuthi uMsindisi usithe mbiseni ezinsukwini zethu: Uma sigcina imiyalelo Yakhe futhi siqeda isibani sethu sisakhanya, sizozuza impilo engunaphakade, okuyisipho esikhulu kunazo zonke zikaNkulunkulu (bheka iMf&V 14:7; uphinde ubheke 2 Nefi 31:20).

### UkuKhanya Okungapheli

Ngesinye isikhathi emva kokuba siqhuzuke, sehlu-leke, noma sesiphonse ithawula imbala, siyadikibala futhi sikhohlwe wukuthi ukukhanya kwethu sekucishile futhi nokuthi umjaho wethu usulahlekile. Kodwa ngiyafakaza ukuthi ukuKhanya kukaKristu akucisheki. Kukhanya ebusuku obumnyama kakhulu futhi kuphinde kukhanyise izinhliziyi zethu uma nje siziphendulela Kuye (bheka 1 AmaKhosi 8:58).

Noma singawa kangaki noma kude kangakanani, ukuKhanya kukaKristu kuhlezi kuvutha ngokugqama. Ngisho sisebusuku obumnyama kakhulu, uma nje sisondelela Kuye, ukukhanya Kwakhe kuzozisusa izithunzi futhi kuvuselele imiphefumulo yethu.

Lomjaho wobufundi akusiwo owokugijinywa ngokushesha; ungumjaho webanga elide. Futhi akwenzi mahluko ukuthi sishesha kangakanani. Empeleni, sishiye phansi noma lomjaho ungasilahlekela ngokuthi siphonse ithawula.

Uma silokhu siqhubeka nokuvuka futhi sisondelela kuMsindisi wethu, umjaho siwunqoba nezibani zethu zivutha ngokugqamile.

Ngoba isibani asikho ngathi noma ngokuthi senzani. SingoMsindisi womhlaba.

Futhi lokho wukukhanya okungasoze kwafiphala. KuwukuKhanya okugwinya ubumnyama, okwelapha amanxeba ethu, kuphinde kukhanye ngokugqamile ngisho siphakathi kosizi olukhulu nasebumnyaneni okungaqondakali.

KuwukuKhanya okudlula ukuqonda.

Sengathi sonke ngabanye singayiqeda indlela esesiyiqalile. Fithi ngosizo loMsindisi noMkhululi wethu, uJesu Kristu, sizoqeda ngokujabula nezibani zethu zisakhanya.

### OKUFANELE KWAZIWE

1. *Harpers Dictionary of Classical Antiquities* (1898), “Lampadedromia,” [www.perseus.tufts.edu/hopper](http://www.perseus.tufts.edu/hopper). U Pausanias uchaza ngomjaho wesibani ohlukile lapho abaphethe isibani, kumbe oyedwa ophuma esizweni ngasinye, engazange asidlulise isibani sakhe. Kodwa njengoba kunjalo kwi *lampadedromia*, onqobile kwaba ngowokuqala ofika ekugcineni komjaho nesibani sakhe sisakhanya.

### IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

Ake ucabange ngokukhuthaza labo obafundisayo ukuthi bacabangise ngokuthi bakuphi bona “emjahweni” wempilo yabo. Ngabe izibani zabo zisakhanya ngokugqamileyo na? Ungafunda lomusho othi ukuKhanya kukaKristu ku “wukuKhanya okugwinya ubumnyama, okwelapha amanxeba ethu, kuphinde kukhanye ngokugqamile ngisho siphakathi kosizi olukhulu nasebumnyaneni obungaqondakali.” Bese ucabanga ngokuxoxisana nalabo obafundisayo ukuthi ukuKhanya kukaKristu kube nomthelela onjani ezimpilweni zabo ngaphambilini nokuthi kuwumthelela onjani ezimpilweni zabo manje.

## INTSHA

### Gcwalisa Isibani Sakho: Ukuhlolwa kwezinsuku izingama-30

Okwentsha yeBandla enezimpilo ezimatasa, kuNgaba lula ukuzithola ubambeke ekwenzeni into eyodwa, ikakhulukazi ngokuphathelene nezinto zikamoya. Sifunda imibhalo yethu engcwele, sithandaze, futhi sikhonze ngendlela efanayo cishe nsuku zonke bese siyamangala uma sizibona siwile ngokomoya.

Indlela okuyiyona yona yokuthi ugcine isibani somoya wakho sivutha ngokugqamile ukuthi wenze isiqiniseko sokuthi ubona futhi uzwe izinto ezibalulekile ngokomoya. Kodwa lokho kulula ukukusho kunokukwenza, ngakho ke nakhu okuzokusiza ukuthi ube nenqubekela phambili ngokomoya: Ake ucabange ngokuhambisana nevangeli ongakaze ukwenze phambilini (noma ongajwayele ukukwenza) bese uyazinikela ukukwenza lokho zonke izinsuku enyangeni.

Ungaqala kancane ngoba uzothola ukuthi kulula uku-  
phendula ushintsho oluncane ulwenze oluhlala isikha-  
thi eside. Ukuze senze izinto ezisikhiphayo esimweni  
sethu sokuzinza ngokomoya kungadinga sibe nokholo  
olukhulu nokuthi senze umzamo, kodwa uma size-  
nza lezo zinto, simema uMoya Ongcwele ukuthi ube  
nathi, futhi sitshengisa ukholo olukhulu kuBaba wethu  
oseZulwini kanye nesifiso sokusondela Kuye. Nakhu  
ongaqala ngakho:

- Ake uphokophelele ukwenza imithandazo yakho eku-  
seni nasebsuku. Ale uzame ukuthandaza uphimisele izwi.
- Vuka kusasele imizuzu eyi 15 ngaphambi kwesikhathi  
sakho sokuvuka bese ufunda imibhalo yakho engcwele  
ngaphambi kokuba uye eskoleni.
- Funda izinkulamo zomhlangano omkhulu weBandla.
- Faka umbhalo ongcwele ovela eNcwadini kaMomoni  
kwezokuxhumana nge Internet.
- Lalela amahubo noma umculo wezingoma zeBandla  
esikhundleni sokulalela umculo ojwayele ukuwulalela.

## IZINGANE

### Enza Isibani Sakho Sigqame

**N**gesikhathi sakudala eGreece, kwakukhona  
umjaho lapho abasubathi babegijima nezibani ezi-  
khanyayo. Loyo owayekwazi ukugijima umjaho wonke  
nesibani sisakhanya wayeba ngumnqobi. UMongameli  
u-Uchtdorf uthi impilo ifana nalomjaho. Isibani esisi-  
phetheyo ukuKhanya kukaKristu. Uma sizama ukuba  
njengoJesu Kristu, senza izibani zethu zivuthe kakhulu.

Iziphi izinto ongazenza ukuze ube njengoJesu futhi  
wenze isibani sakho sikhanya kakhulu na? Khetha  
kulokhu okungezansi:

Mamatheka noma uthi sawbona kumuntu obukeka  
enesizungu.

Hlala uthukuthele umuntu

Nakekela umzimba wakho

Hlekisa ngomfowenu noma ngodadewenu

Hlonipha umprofethi

Phonsa ithawula uma wenze iphutha

Siza umuntu othile



# IsiMilo sika Jesu Kristu: Ogcwele Isihe noThando

*Funda lesi sifundo unomkhuleko enhliziyweni ngenhloso yokuthola ukuthi yini ongakhuluma ngayo kulabo obafundisayo. Lungakhula kanjani ukhohlo lwakho kuMsindisi ngenxa yokusazi kahle isimilo Sakhe bese kuthi ngenxa yalokho kubusiseke labo obabhekile ngokubavakashela na? Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku [reliefsociety.lds.org](http://reliefsociety.lds.org).*

**Ukhohlo, Umndeni, Insizakalo**

*Lena yingxenye yochungechunge lwe-Miyalezo eFundiswa ngokuVakashelana enesimilo sikaMsindisi.*

IziHloko zemiBhalo eNgcwele zichaza isihe “njengothando olukhulu kakhulu, olunobuntu, olunamandla” (“Isihe”). Uthando olumsulwa lukaJesu Kristu. Njengoba sifunda ngoJesu Kristu futhi sizama ukuthi sifane Naye, sizoqala ukuluzwa uthando Lwakhe olumsulwa ezipilweni zethu futhi sifise ukuthi sithande siphinde sisize nabanye njengoba ebeyokwenza Naye. “Isihe wukubekezelela umuntu osesenzele phansi,” kusho uMongameli uThomas S. Monson. “Wukungavumi ukuba ucasuke kalula. Ukwamukela ubuthakathaka kanye namaphutha. Ukwamukela abantu njengoba benjalo. Kuwukubheka ngale koku-bukeka komzimba kodwa ubheke isimilo esingeke saphela ngokuhamba kwesikhathi. Wukungavumi ukuhlukanisa abanye.”<sup>1</sup>

Encwadini kaMomoni, sifunda iqiniso elikhulu ukuthi “[sikhuleka] kuBaba ngamandla onke enhliziyweni, ukuze [sigcwaliswe] ngalolu thando, alunika bonke labo abangabalandeli beqiniso beNdodana yakhe, uJesu Kristu; ukuze [sibe] ngamadodana

[namadodakazi] kaNkulunkulu; ukuze kuthi nxa esebonakala sibenjengaye, ngokuba siyombona njengoba enjalo; ukuze sibe nalelithemba; ukuze senziwe msulwa njengoba naye emsulwa” (Moroni 7:48).

## ***Eminye imiBhalo eNgcwele***

NgokukaJohane 13:34-35;  
1 kwabaseKhorinte 13:1-13;  
1 Nefi 11:21-23; Etere 12:33-34

## ***Okuvela Emlandweni Wethu***

“Udade owayesanda kushonelwa ngumyeni wakhe wayebonga ngothisha abavakashayo abazila naye futhi bamduduzwa. Wabhala wathi: ‘Nganginesidingo esikhulu somuntu owayengakwazi ukufinyelela kimi, umuntu owayezongilalela. . . futhi balalela. Bangiduduzwa. Bakhala nami. Bangisingatha . . . futhi bangisiza kulokho kulahlekelwa yithemba okukhulu nomthwalo omkhulu engangi-wuthwele kulezo zinyanga ezimbalwa zokuqala zomzwangendwa.

Omunye wesimane wayichaza kanje imizwa yakhe ngesikhathi ethola isihe seqiniso kuthisha ovakashayo: ‘Ngangazi ukuthi ngangingesiso nje isibalo kuphela

emabhukwini akhe abantu ayezobavakashela. Ngangazi ukuthi wayenendaba nami.’”<sup>2</sup>

Njengalabo dade, abaNgcwele beziNsuku zokuGcina emhlabeni wonke jikelele bangafakaza ngobuqiniso bamazwi kaMongameli uBoyd K. Packer (1924–2015), uMongameli woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi Nambili: “Kududuzwa kakhulu ukwazi ukuthi noma ngabe [umndeni] uya kuphi, umndeni weBandla ubalindele. Kusukela osukwini abafika ngalo, owesilisa uba yilunga lomgwamanda wobuphristi bese owesifazane eba yilunga leNhlangano yabesiMame yeNsizakalo.”<sup>3</sup>

### **OKUFANELE KWAZIWE**

1. uThomas S. Monson, “Isihe Asehluleki,” *Liahona*, Nov. 2010, 124.
2. *Amadodakazi Embusweni Wami: Umlando kanye Nomsebenzi Wenhlango Yabesimame Yensizakalo* (2011), 119-120.
3. *Amadodakazi Embusweni Wami*, 87.

## ***Ake Ucabange Ngalokhu***

Ngabe uKristu uyisibonelo esihle kanjani sothando nesihe?